Ivalvu engazange ikhule ngokuphelele (Pulmonary Atresia)

Isihloko:
1. Ivalvu yomthambo ivaleke thaqa/ayikhulanga.
2. Ingakwesokudla lenhliziyo kanye nevalvu i-tricuspid kuncane
3. Imbobo encane odongeni lwegumbi elingezansi.



Incazelo:

Kuyini lokho na?

Ku-Pulmonary Atresia, akukho mbobo phakathi kohlangothi lwesokudla kwenhliziyo nemithambo ethwala igazi eliya emaphashini. Igazi alikwazi ukuya emaphashini lisuka ohlangothini lwesokudla kwenhliziyo njengalokhu kulindelekile.

Uma kwenzeka lokhu kufanele kube nezimbobo ndawana thizeni enhliziyweni ezivumela igazi ukuba lithole enye indlela. Kungenzeka kube nembobo odongeni phakathi kwamagumbi amqoka aphampa igazi (ventricles) kanye noma imbobo odongeni phakathi kwamagumbi aqoqayo (atria).

I-Pulmonary Atresia yinkinga eyivela kancane, eyenzeka ngokufanayo ebafaneni nase mantombazaneni.

Iyini imithelela yayo na?

Akekho ongaphila uma igazi lingafiki emaphashini, ngakho kudinga kube khona enye indlela yokuthi igazi lifike emaphashini. Lokhu kuvame ukwenzeka ngomthambo oxhumanisa umthambo ohambisa igazi emzimbeni nasemaphashini. Lo mthambo uvaleka masinyane emva kokuzalwa komntwana. Ezinhliziyweni eziphilayo lokhu kuhle kodwa kulesi simo umntwana akakwazi ukuphila uma umthambo uvaleka. Umuthi obizwa nge-Prostaglangin E1 unikezwa umntwana, bese wenza uhlale uvulekile umthambo kuze kufike isikhathi sokuhlinzwa. Laba bantwana bavame ukugula kakhulu.

Kwelashwa kanjani na?

Umuthi (isibonelo, i-Prostaglandin E1) unganikezwa masinyane emva kokuzalwa ukuze ihlale ivulekile imbobo (Patent Ductus) phakathi kwamagumbi amancane aqoqayo enhliziyo. Kudingeka ukuhlinzwa ukuze igazi likwazi ukuya emaphashini. Kufakwa ithumbu phakathi komthambo i-pulmonary kanye nomthambo omkhulu i-aorta ukuvumela igazi ligobhozele emaphashini. Nokho lokhu kuhlinzwa kungokwesikhashana ukusindisa ingane, nokuyelekelela ukuba ikhule, bese ukuhlinzwa kokulungisa isimo kwenziwe uma isikhulakhulile.

Uhlobo lokuhlinzwa luya ngokwakheka kwenhliziyo yengane. Ezinye izinhliziyo kulula ukulungiseka, ezinye kunzima. Udokotela uyochaza okuningi okungakhethwa kukho ukusiza ingane yakho okuhambelana nabakutholile.